



**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA  
UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ BHEKI CELE EMHLANGANWENI WAMA-RRTF  
EMGUNGUNDLOVU MHLAKA 25 AUGUST 2007.**

**Ngibanibingelela nonke**

- UMnyango wezokuThutha KwaZulu-Natal uzibophezele ekusebenzeni ngendlela evumela abantu ukuba banqume ngokuthi yimiphi imigwaqo okumele yakhiwe kuqala, futhi kugqugquzelwe ukukhula nokuthuthuka kwemboni yokwakhiwa kwemigwaqo ukuze sihambisane nendlela abantu abahleleke ngayo ezindaweni zokuhlala.
- Ngokubona ukuthi iningi lemiphakathi yayisala ngaphandle ekuthathweni kwezinqumo ezithinta ukuthuthukiswa kwayo, uMnyango wabe ususungula izinhlobo zama-Rural Road Transport Forums (RRTF) ukuze kugqugquzelwe ukubandakanywa kwemiphakathi ekulethweni kwentuthuko.
- Njengoba siqhamuka esimweni lapho isifundazwe sasihlakazwe udlame lwezepolitiki, njengama-RRTF senibe negalelo elikhulu ekudaleni ukubuyisana nokuthuthukiswa kwezindawo zasemakhaya.
- Ngithanda ukunibonga kakhulu ngeqhaza enilibambile ekuguquleni ingqalasizinda yomgwaqo KwaZulu-Natal. Kungenzeka ukuthi kusekhona izinselelo ezisabisayo, kodwa umsebenzi uzoqhubeka njengoba kufanele.
- Sesikwazile ukubhekana nezinselelo zokusheshisa uguquko emphakathini waKwaZulu-Natal, saba negalelo ekwakhweni komnotho wesifundazwe sethu kanye nezwe lethu. Kodwa ikakhulukazi, sikwazile ukudala amathuba emkhakheni wezokuthutha kubantu abampofu, sabacija nangolwazi oludingekayo.

- Kungenzeka ukuthi akubona bonke abantu esesibasizile, kodwa injongo yethu ngukwenza izinga lempilo yasemakhaya libe ngcono nalo uma kuqhathaniswa nezindawo zasemadolobheni, senze uhlelo lwezokuthutha oluzonciphisa nezindleko zokusebenzisa izithuthi.
- Ukuvulwa nokuphendulwa kwamasoyi emigwaqo namabhuloho esikwenzayo esifundazweni sonke kufakazela kona ukuthi ngempela sinomsebenzi obalulekile esibhekene nawo wokuguqula izimpilo zabantu baKwaZulu-Natal.
- Njengoba silapha nje, kukhona ubuholi obuhlanganisa Amakhosi, iziMeya namaKhansela. Ukubakhona kwabo lapha kukhombisa ukubaluleka kwentuthuko emiphakathini yasemakhaya ebinganakiwe ngesikhathi sohulumeni baphambilini.
- Njengama-RRTF kumele nibe ngabaxhumanisi bomphakathi noMnyango, nigqogquzele ukwakhiwa kwentando yeningi nokubandakanya umphakathi lapho kulethwa intuthuko.
- Ama-RRTF ahleleke ngendlela yokuthi abandakanya yonke imikhakha yezinhlaka zomphakathi wasemakhaya. Izinhlaka ezimeleleke kuma-RRTF zihlanganisa Amakhosi, osomabhezini, omasipala, abezithuthi zomphakathi, abalimi nezinhlangano zomphakathi ezihlanganisa abesifazane nentsha.
- Ngithanda ukugcizelela lapha ukuthi njengoba nithunywe umphakathi kulo msebenzi wenu, kumele nibike kuwona futhi. Anisebenzeli izidingo zenu kuphela. Silindele ukuthi ninikele ngesikhathi senu njengoba kusho isivumelwano. Ukuzinikela kwenu akumele kuncike emalini uMnyango oninika yona ngokuhambela imihlangano. Kuba nokushayisana kwemiqondo uma usufuna ukuzicebisa ngokusebenza njengevolontiya.
- Njengoba ningamavolontiya, asibheki amaqembu enu ezepolitiki kodwa sibheka imikhakha yenu emiphakathini. Sifuna ukuzwa-ke ukuthi yiziphi izinguquko eniziletha kule mikhakha.
- Ngiyajabula futhi ngokuthi nithola ukuqeqeshwa ohlelweni oluhlose ukunijika kahle ukuze nikwazi ukuxhumana noMnyango wezokuThutha ngendlela ehlelekile futhi nibe nolwazi olufanele eniludlulisela emiphakathini yenu.

- Ukuqeqeshwa kwenza nibe yizishosho zentuthuko emiphakathini yenu njengoba kunibeka esimweni sokuthi nikwazi ukuhlonza lokho okuyizidingo eziphambili zomphakathi futhi niqonde kahle ngokusebenza kwezigaba zikahulumeni ezahlukeni.
- Ukufakwa kwengqalasisinda yomgwaqo eMnyangweni wezokuThutha KwaZulu-Natal kuhlelwa ngokubonisana nama-RRTF, kubhekwe ukuthi yimuphi umsebenzi okumele wenziwe kuqala. Lokhu kuqinisekisa ukuthi uhlelo lokulethwa kwemigwaqo lusekeleke emiphakathini eniyisebenzelayo nokuthi ukuqhubeka komsebenzi nezimali ezisebenzayo zibhekwe yimiphakathi ehlomulayo kulowo msebenzi.
- Ingqalasisinda yinto ebekwa phambili ngisho nasezinhlelweni ze-ASGISA ne-PGDS. Ngakho-ke iqhaza lenu libaluleke kakhulu ekusabalalisweni kwemigwaqo ngokwanele. Ukuhlonzwa kwezidingo eziphambili akumele kuhambisane nokuba ngugombela kwesakho noma ukuchema.
- UMnyango wezokuThutha uhlale uzibophezele ekuhleleni ngendlela eyakha ubudlelwane phakathi kwezinhlelo zezokuthutha nezinhlelo zentuthuko edidiyele kanye nokukhuthaza ukuphatha ngokubambisana.
- Ukuzibophezela okunjena sekubonakele kuyo yonke imisebenzi ye-African Renaissance Road Upgrading Programme (ARRUP) – okuwuhlelo lokufaka itiyela emigwaqeni emikhulu yasemakhaya. Lapha sekusungulwe ama-Project Liaison Committee akhiwe ngamalungu ezinhlaka zomphakathi kuhlenganisa noHulumeni baseKhaya nabaholi bendabuko.
- Mangiphethe ngokusho ukuthi iqhaza lama-RRTF selibe ngelibaluleke kakhulu njengoba sesakhe nezinye izinhlaka ngokufunda kuwona ama-RRTF. Singabala phakathi kwezinye, ama-CRSC nama-Passenger Association. Iqhaza lenu liselikhulu kunobuka ningacabanga, sisalindele ukuthi nisilekelele kakhulu.

### **Ngiyabonga**